education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2009

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora amabili (2)

Leli phepha linamakhasi ayi-9.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)

   ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)

2. Abahlolwayo mabafundisise yonke imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

3. Abahlolwayo mabaphendule yonke imibuzo ekuleli phepha.

4. Abahlolwayo mabaqalise isiqephu ngasinye ekhasini elisha bese bedwebela umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Abahlolwayo mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Abahlolwayo mabashiye umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Abahlolwayo mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. QAPHELA: Abahlolwayo mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

Izingane zikaMaNdlovu phela zonke ziyaveteza. Zikhuluma isiLungu, futhi angisazi lesiya. Lisho uliphinde ngoba izolo ngethuke ngafa ngizwa sekukhuluma umlungu ekamelweni. Uma ngithi ngiyobheka ngizithela kule ndodakazi yakhe encane iyaveteza ize ikhweqe amehlo. Bese ngimangele nje ukuthi lo mlungu oseze wangena ekamelweni singambonanga osevela kuphi.

NoMaNdlovu waya esikoleni noma aphuma ngerisese nje. Uzwani ngoba naye usuke umuzwe esephonsa amagama ambalwa enkulumeni yakhe. Ungathini ukungacoshacoshi amagama uhlala nabelungu abamnyama endlini. Noma ebhidilisha kodwa kuyezwakala ukuthi akawatholanga lapho atholwa khona izingane zakhe. Kuyajabulisa futhi kuwubuhlakani ukuthi ungazincishi izingane zakho lokho wena ongakutholanga, ucabangele izingane zakho kulesi sikhathi esiphila kuso. Wabuye waqikelela ukuthi ukufunda kodwa akumakhi umuntu ophelele. Kukhona nezinye izinto ezimqoka eziphelelisa umuntu.

Okuhle ngoMaNdlovu ukuthi izingane zakhe wazifundisa inhlonipho, eyisisekelo sempilo yomuntu. Ziyabazi abantu abadala, futhi ziyazi ukuthi uma sezikhuluma nabo kufanele ziziphathe kanjani. Phela abantu abadala basesilungwini abafani nalabo basemakhaya. Iningi labantu basemakhaya bazi izinhlamvana nje kulolu lwangaphesheya. Sikhuluma lapha ngalabo abadala. Lokhu kodwa akusho ukuthi abahlakaniphile Kuyiqiniso ukuthi ukufunda kumvula ingqondo umuntu kodwa lokhu akusho ukuthi usehlakaniphele konke empilweni.

Uyibonile nje le ndodakazi yakhe encane ukuthi yenzenjani ngenkathi ikulethele inkomishi yetiye ekuseni. Anginakanga, yenzenjani? Yenze okungenziwa izingane eziningi ezifunda lapho. Imnikeze ngezandla zombili, kuthe noma yemukela inkomishi eseqedile yaphinda khona lokho futhi. Kwakuveteza lokhu azikwenzi uma zikhuluma nabantu abadala. Inkosazana yakhe ayiwesabi amabhodwe futhi ipheka okwehla ngesiphundu ukudla. Ingane kaMaNdlovu enenkingana umfana wakhe omdala. Phela yena wabuye wawelela ngaphesheya kwezilwandle, wahlala iminyaka emibili emva nje kokuphothula uMatikuletsheni.

Indaba yokufunda ezikoleni lapho izingane zigcina zikhohlwe ulimi lwazo kufanele iphathwe ngobunono. Ulimi lolu luyinto ebalulekile kumuntu. Yilona oluwuphawu lokuqala lokuveza ubuzwe bomuntu. Ubuzwe bomuntu umuntu akazikhetheli ngoba esefike ezingeni lokuzithathela izinqumo ngempilo yakhe. Awukwazi futhi ukuziguqula ube ngolunye uhlanga. Izwe esilakhele liqhakambisa ukuba limininingi(multi-lingual). Lokhu akusho ukuthi owaluncela, uma usufunde ezinye izilimi, lubukele phansi. Ungagogoda kuzo kodwa ube uziqhenya ngolwakho ngoba lunguwe.

Umthethosisekelo uyabukhuthaza ubuliminingi kubantu baseNingizimu Afrika. Lokhu akusho ukuthi kufanele bakhohlwe izilimi zabo zangempela. Ulimi lwakho lwebele yilona okwazi ukuveza kahle ngalo imizwa yakho. Kuyadingeka ukuba izingane ezifunda ezinye izilimi ezikoleni zihlale zikhunjuzwa lokhu. Umyalezo wokuziqhenya ngokwakho kufanele uhlale unkeneneza ezindlebeni zazo.

Abadala abangafundanga izilimi ezazithathwa njengezilimi ezinkulu ngesikhathi sobandlululo, bazifundiswa ngenkani lezi zilimi. Owayebaphoqa wayengazi ukuthi ubaweza ngelibanzi. Phela abanikazi balezi eziyisilungu zaseNingizimu Afrika babezenyanya ezethu bezibukela phansi. Lokhu kwabangela ukuba bangazifundi. Ababa nenhlanhla yilabo abakhulela emapulazini ngoba abazali babo bengabalimi. Nabo babephoqwa isimo sokuthi kudingeka bekhulumile nabantu ababesebenza lapho emapulazini. Kumanje bayabhuduzela bazama ukufunda izilimi zabamnyama, osekunzima kakhulu, ikakhulukazi ngoba sekufanele bakhokhe futhi isikhathi sesidliwe inja.

Phendula le mibuzo elandelayo

1.1.1 Caphuna igama elisho ukukhuluma ulimi lwesiLungu. (1)

1.1.2 Khipha amagama esifenqo esiyihaba kulo musho: lisho uliphinde ngoba izolo ngethuke ngafa sekukhuluma umlungu. (2)

1.1.3 Kungani umbhali ebiza ulimi olukhulunywa izingane zikaMaNdlovu ngesiLungu? (2)

1.1.4 Bhala amagama asho ukuthi uMaNdlovu akafundanga kakhulu. (2)

1.1.5 Kungani umbhali ebiza izingane zikaMaNdlovu ngabelungu abamnyama? (2)

1.1.6 Bhala **okukodwa** nje ocabanga ukuthi kufanele kukhunjulwe izingane ezejwayele ukusebenzisa isiNgisi uma zikhuluma nabantu abadala. (1)

1.1.7 Lungisa le nkulumo engezansi:

(a) Abantu basemakhaya bakhuluma isiZulu esixubile.
(a) Abantu basemadolobheni bakhuluma isiZulu esiqondile. (2)

1.1.8 Awunikeze izilimi ezimbili ezazithathwa njengezilimi ezinkulu kuqala. (2)

1.1.9 Umbhali uqondeni ngaleli gama? '**lapho'** (1)

1.1.10 Kungani izingane zikaMaNdlovu zingavetezi uma zikhuluma nabantu abadala? (2)

1.1.11 Kusho ukuthini ukuthi inkosazana yakhe ayiwesabi amabhodwe? (2)

1.1.12 Okunjani ukudla okwehla ngesiphundu? (2)

1.1.13 Caphuna amazwi asetshenziswe umbhali asho ukuthi umuntu uzalwa nabo ubuzwe bakhe. (2)

1.1.14 Ngabe kuliqiniso noma akulona iqiniso ukuthi abamnyama baseNingizimu Afrika lwabasiza ubandlululo mayelana nezilimi. Sekela impendulo yakho. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo:

1.2.1 Mangaki amabhange anemishini elapha esithombeni? (1)

1.2.2 Indoda eku-2 ihamba yodwa eku-4 ihamba nomfana. Bukisisa ehamba nomfana bese unikeza isizathu sokuba ihambe nomfana. (2)

1.2.3 Kungani indoda esemshinini wesibili isondele kangaka emshinini? (1)

1.2.4 Yini lena ephethwe umfana ohamba nendoda? (1)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

2.1 Fundisisa lesi siqeshana ngokucophelela, bese uyasifingqa ngamagama akho angama-50 kuya kwangama-60. Ungasebenzisa imisho, amaphuzu noma izigaba uma ufinqqa.

UMAKEBA UBEHLELA IBHIZINISI NONGEMA

Umculi wakuleli obedume umhlaba wonke uMirriam Makeba ushone nje ubesephezu kwamalungiselelo okuvula inkunzimalanga yebhizinisi lendawo yokudla kwesiNtu elisezingeni lo mhlaba ebambisane nombhali wemidlalo yeshashalazi odumile uMbongeni Ngema.

Iningi labantu abaphawule ngalesi silomo ebesibuye saziwe ngelika "Mama Africa" bebengakhohlwa wukuphawula ngekhono lakhe lokupheka. UNgema uthi ubethanda kakhulu ukudla okunopelepele. Ayikho njengamanje indawo esezingeni lomhlaba egxile ekudleni kwesiNtu. Nakuba zikhona lapha nalaphaya kodwa azikafiki ezingeni ebelifunwa nguMirriam. Le ndawo yokudla ibizokuba namagatsha umhlaba wonke. Njengoba ubenekhono lokuxuba umculo wakwamanye amazwe nawase-Afrika, nasekudleni ubehlela izinhlobo ezixuba izithako zase-Afrika nezakwamanye amazwe.

UMakeba wabulawa isifo senhliziyo ngesonto ebusuku esanda kuqeda ukucula ekhonsathini e-Italy. Kuzwakala ukuthi kwathi uma eqeda iculo lokugcina esiteji wavalelisa ngokuphakamisela izethameli zekhonsathi izandla. Wayeziqabula bese eziphakamisela sakuzidlulisela kubantu sengathi uyabaqabula ngazo. Wayevalelisa ngoba eseqedile ukucula, okwaphenduka ukuvalelisa okokugcina. Ehamba eyosithela ngemuva wabe eseshayeka phansi waphela lapho.

UMakeba ubedume futhi ngokukhuthala. Ubengumuntu onemibono eminingi yokuthuthukisa izingane zase-Afrika, ikakhulukazi amantombazane. Ubengafuni ukubona umuntu ehluphekile. Ubenendawo yokuhlalisa abantu besifazane abahlukunyeziwe. Baningi abakhale kakhulu ngokuhamba kwakhe ngoba ubesefana nomzali kubo.

UMirriam ungesinye sezihlabani zakuleli nakwamanye amazwe ezihlonishwe ngokuqoshwa kwemifanekiso yezandla namagama azo emagcekeni aseCity Hall yaseThekwini. Ukuqoshwa kwala magama kuyingxenye yohlelo lokuvuselelwa kobu-Afrika. Ngenkathi kwenziwa lokhu uMirriam wezwakala kungalindele muntu esecula etshengisa ukuthokozela lo mcimbi. Ubaziwa ngomusa wakhe nasekubhekeleni inhlalakahle yalabo ababesekudingisweni. Uke wanakekela umbhali wakuleli waseThekwini ogcine ngokushonela khona phesheya.

Umongameli wakuleli umemezele ukuthi kuzobakhona isikhathi sokuzila esingangehora ngaphambi kokuba angcwatshwe. Ngalolu suku lokuzila wonke amafulegi asezakhiweni zikaHulumeni waseNingizimu Afrika azokwehliswa. Kwezwakala ukuthi nakwamanye amazwe ase-Afrika kuzokwenziwa lokhu kokwehliswa kwamafulegi. Kuyaqala emlandweni wakuleli ukuthi umculi ahlonishwe ngale ndlela. Kuzwakala nokuthi isifiso sakhe kwakunguba afihlwe ngokuba ashiswe. Isinqumo sokuba afihlwe eNingizimu Afrika sathathwa uhulumeni wakuleli emva kokuba kuzwakale ukuthi uzoshiselwa khona phesheya.

Ngaphandle kokuthi ubaziwa ngokuthi unguMama Afrika, ubenendodakazi eyodwa, engabuzwa ukuthi izalwa nguye.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Intombazane ekhuthele ivuka ekuseni kakhulu lingakaphumi ilanga ihlanze ikhaya lakubo. Lokhu ikwenza ngaphandle kokuphushwa ngemuva. Nakuba kunjalo kukhona lawo angovilavoco uqobo, angamanuku kuhle kwezingulube. Eqinisweni lolu hlobo lwamantombazane lugcina lungathathwa muntu ngoba akekho umuntu ongafuya ingulube emzini wakhe. Kuyaye kucasule kabi uma ungumzali uthuma ingane ikutshele ukuthi: "Mom I'm still sleeping."

3.1.1 Igama elithi: **hlanza** elikulesi siqeshana linenye incazelo engefani nesesiqeshini.

(a) bhala incazelo yalo yesibili ehlukile kwesesiqeshini (1)

(b) lisebenzise emshweni lelo gama kubonakale ukuthi uyalazi ngempela. (1)

3.1.2 Nika igama eliphikisa elidwetshelwe kulo musho olandelayo. Kukhona amantombazane <u>angamanuku.</u> (1)

3.1.3 Nika igama okuvela kulo igama elithi: ekuseni (1)

3.1.4 Ngabe igama elidwetshelwe kulo musho lisuselwe kuluphi ulimi okhu ikwenza ngaphandle <u>kokuphushwa</u>. (1)

3.1.5 Ngabe umuntu onjani onguvilavoco? (2)

3.1.6 Kungani amantombazane avilaphayo afaniswe nezingulube. Nika kube kubili. (2)

Phinda ubhale lesi siqeshana ususebenzise izakhi ezifanele emagameni akubakaki ukuze sifundeke kahle:

3.2 UXimba ungubaba oseyibona impumelelo ngokwemfundo (-madodakazi) akhe. ukhona iphupho (-thile) elimbelesele lapho ebona khona isiphepho. Ubaba (-bona) elahlekela yithemba. Akwesaba kakhulu ukuthi leli phupho lingahle (-fezeke). kubi kakhulu ukuthi akasebenzi (usengu-hlalela). (5)
[14]

UMBUZO 4

4.1 Bhala imisho njengoba kukhonjisiwe ngezansi kanje: Igama lithi: **abafundi**

(a) Emshweni wokuqala alibe yinhloko. (1)
(b) Emshweni wesibili libe umenzi (1)
(c) Emshweni wesibili libe umenziwa (1)

4.2 Qedela lezi zaga ezilandelayo ngamagama afanel

(a) Isalakutshelwa sibona ... (1)

(b) Ingane engakhali ifela ... (1)

4.3 Phinda ubhale le misho elandelayo usufake izimpawu zokuloba/zokukhanyisa ezifanele

(a) Abafundi bageze amafasitela izindonga amadesiki kanye namatafula emva kokulinyazwa yisichotho. (3)

(b) Ngizothenga izincwadi eziyi 6 ngomsombuluko. (2)

4.4 Phinda ubhale lo musho olandelayo usukhulise igama elibhalwe ngokunzima/ngokugqamile. (1)
INingizimu Afrika **izwe** elisezansi ne-Afrika.

4.5 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ukuphika/ukulandula:
Intombazane ivuka ekuseni kakhulu. (2)
[13]

UMBUZO 5

Funda lesi sikhangisi bese uhlolisisa ukukhethwa kwamagama, isakhiwo somusho, amagama angadingekile nolimi oluhlambalazayo.

QHELA EZINTANJENI ZIKAGESI LESI SILIMA!

Izintambo zikagesi ezilengayo le phansi kanye nezigqashukile gqashu ZIYINGOZI futhi ziyabulala. Uma uhamba endleleni noma ugibele ibhasi okukanye isitimela uma uzibona, usize bandla siyakuncenga. Shayela ubike kule nombolo: **086 0037 566.** Abantu abaningi nezilima ziyosizakala.

Electricity kills!

5.1 Yimiphi imizwa evuswa yile misho elandelayo.

(a) Qhela ezintanjeni zikagesi lesi silima! (1)

(b) Siza ushayele kule nombolo bandla. (1)

5.2 Ngabe umbhali walesi sikhangisi udlulisa muphi umyalezo kubantu? (2)

5.3 Usetshenziselweni umbabazi (!) kulesi sihloko? (2)

5.4 Ngabe inombolo ekulesi sikhangisi ibhalweleni ngamagama agqamile? (2)

5.5 Libhalweleni ngezinhlamvu ezinkulu igama elithi: ZIYINGOZI (2)

5.6 Bhala igama elicwasayo elikulesi sikhangisi. (1)

5.7 Abhalweleni ngefonti ehlukile amagama @Electricity kills! (2)
[13]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40

AMAMAKI ESEWONKE: 80